UKUBALULEKA KWENCWADI YAMAFA

IYINI INCWADI YAMAFA?

Incwadi yamafa incwadi yomthetho lapho umuntu eshicelela khona izifiso zakhe mayelana ukuthi izimpahla zakhe ziyokwabiwa kanjani mhla edlula emhlabeni. Umuntu lo owenza lencwadi yamafa ubizwa nge testator noma I-testatrix. Izimpahla zakhe lezo zibizwa nge estate.

KUNGANI KUFANELE UBENAYO LENCWADI YAMAFA?

Uma ushona ungenayo incwadi yamafa I – estate yakho yabiwa kusetshenziswa umthetho obizwa nge Intestate Succession Act. Ukuba nayo lencwadi kukuninka amandla okulawula ukuthi izimpahla zakho zabiwa kanjani kubantu ofisa babe yizindlalifa zakho.

NGUBANI OKWAZI OKWENZA LENCWADI YAMAFA?

Umuntu oneminyaka engaphezu kweminyaka ewu – 16 engakwazi ukwenza lencwadi. Umuntu owenza lencwadi akumele kube ophazamisekile ngokomqondo kepha kumele kube ngowaziyo ukuthi wenzani kanye nokuthi ukwenzelani. Abantu ababili nangaphezulu bangenza incwadi yamafa ehlangene, isibonelo abantu abashadile.

ENGABE UMUNTU UYAKWAZI UKUZIBHALELA YENA INCWADI YAMAFA NA?

Umuntu uyakwazi ukuzibhalela eyakhe incwadi yamafa kodwa ukuze ikwazi ukuba incwadi yamafa esemthethweni kufanele ihambisane nalokhu okudingwa umthetho.

Kuwumqondo omuhle ukuthi umuntu athole usizo kuba mmeli, amabhange, ababali zimali, izinkampani zemishwalense njalo njalo, ukushicelela incwadi yamafa, ngenxa yokuthi kuyinto abasebenza ngayo.